# HILLCREST HIGH SCHOOL

## UKUHLOLWA KUKAMEYI/ JUNI 2016
## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA

## IBANGA LESHUMI ( GRADE 10)
## IPHEPHA LOKUQALA (PAPER 1)

**ISIKHATHI:2 amahora** **AMAMAKI:80**

## IMIYALELO KOHLOLWAYO:

- **Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule.**
- **Phendula yonke imibuzo.**
- **Landela yonke imiyalelo oyinikiwe umbuzo ngamunye.**
- **Bhala ngesiZulu esamukelekile nopelomagama olufanele.**
- **Bhala umsebenzi ohlanzekile.**

1.Fundisisa lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo **ngemisho ephelele.**

## Kusadliwa Ngoludala

Yeka impilo ngokuguquguquka okwesondo lenqola. Ngubani nje owayazi ukuthi ukunamathela empucukweni yasentshonalanga kuyosiholela kule mpilombumbulu esiyiphilayo namuhla? Kuliqiniso ukuthi kukhona okuhle esikuzuzile ngokulandela indlela yokuphila yasentshonalanga kodwa okuningi kufana nobuthi ezimpilweni zethu. Yikhona kanye lokhu okubi okungasiniki ukuthula nokuhlala sizinze ekunethezekeni kwasentshonalanga.

Endulo kusadliwa ngoludala abantu babehloniphana futhi bazisana. Umakhelwane wayengabulwa yindlala ekhona ongamsiza. Kwakuthi uma engenamfuyo, kube umsebenzi walabo abanemfuyo edabula izibaya ukuba bamsize. Babemnika izinkomo ukuba asengele izingane zakhe ukuze nazo zibuzwe ubumnandi bokudla ubisi namasi. Lokhu kwakubizwa ngokuthi wukusisa. Zizothi zingazala lezo nkomo bese ziphindiselwa kubanikazi, kuthi osiselwe asale nalezi ezizelwe. Iyobe isiqala kanjalo-ke indaba yokuthi naye abe ngumnumzane ohloniphekile. Naye uyobe esenza okufanayo kwabangenayo imfuyo. Ukusisa kwakwenza abantu bahlalisane ngokuzwana nangokuthula. Ngokunamathela ezinkolelweni zasentshonalanga, sizithole sesenza izinto ezingasenabo ubuntu. Sifunde ukuzicabangela singamcabangeli omunye umuntu. Yingakho nje sekwaba khona abantu abanothe kakhulu nabahlupheka kakhulu. Abanye baze bazithole sebedla emigqonyeni kadoti ngenxa yokweswela.

Kwakuthi uma kuphekiwe kusihlwa, kube khona ukudla okusalayo emabhodweni. Lokhu kwakwenzelwa ukuthi uma kukhona umuntu okhulekela indawo yokulala ngoba esehlwelwe, athole ukudla. Wayenikwa amanzi okuthoba izinyawo bese enikwa ukudla. Uyothi angaqeda ukudla, azibeke phansi. Ngakusasa uyothi evuka ngovivi abe eselungiselwe umphako azohamba ewudla endleleni. Nokho sezashintsha kakhulu izinto. Sekulukhuni ukulalisa isihambi ngenxa yobunswelaboya osebudlangile. Umuntu ufika exakekile, umsize. Kuyabe kuyasuka usevuka ngakusasa kusempondozankomo ahambe nazo zonke izingubo abekade elele ngazo. Kwesinye isikhathi umuntu ufika kube sengathi uzocela indawo yokulala kanti uzocoboshisa ngezulu lezandla lapha ekhaya.

Endulo wawungeke uyithole ingane eyintandane noma ezula emgwaqeni, idle izidakamizwa ngoba ingenabo abazali. Emzini wendoda wawufica ukuthi kunezingane eyazicosha ndawana thizeni zihluphekile, yaziqoqa zaba yingxenye yomndeni. Yayizikhulisa zize zibe yizinsizwa nezintombi, zigcine sezizakhele imizi. Nazo zazisiza ezinye izingane ezihluphekile, bande kanjalo ubuntu ebantwini. Lokhu kuqoqwa kwezingane kwakuvimbela ekutheni kungabi bikho izingane ezizokhula kabuhlungu zize zigcine seziphenduke izinswelaboya zigcweleze ngisho nezihlobo zazo zegazi.

Ingane yayingabi ngeyomzali wayo kuphela. Yayiba ngeyabo bonke abazali abakhona emhlabeni. Noma ngubani omdala wayenelungelo lokuthuma ingane. Uma zike zabhadanywa izingane ziganga noma zilibelwe ukudlala izinkomo zidla amasimu abantu, ziyobhaxabulwa kungakhathaleki ukuthi akazizali lowo ozibamba ngenduku. Wonke umuntu omdala wayeba ngumzali nasenganeni angayazi. Namuhla usuyaboshwa uma uke wasukela ingane yomuntu wathi uyifaka endleleni. Engani phela seziyahlukunyezwa!

1.1. Iqhathanisa ini le ndaba ? (1)

1.2. Umbhali wendaba uthanda yiphi impilo kulezi **ezimbili** abhale ngazo? Caphuna umusho endabeni ofakazela impendulo yakho. (1)

1.3. Kwakwenziwani kudala ukuze kulekelelwe umakhelwane ongafuyile? (1)

1.4. Bhala izinto **ezimbili** ezazikhombisa ukukhathalela abantu, ngisho labo ongabazi. (2)

1.5. Yingani zazingekho izintandane kudala? Bhala **amaphuzu amabili**. (2)

1.6. Caphuna igama endabeni elisho okufana nalokhu okuchaziwe ulibhale phansi:

1.6.1. Ukweboleka omunye umuntu imfuyo. (2)

1.6.2. Ekuseni kakhulu. (2)

1.6.3. Ukuficwa wenza okungalungile. (2)

1.6.4. Ukuphathwa ngendlela engathokozisi. (2)

1.6.5. Ubugebengu obukhulu obungenaluzwelo. (2)

1.7. Wena yiyiphi impilo oyibona iyinhle kuwe ? Beka izizathu ezimbili ezenza ukhethe le mpilo. (3)

1.2.Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.



1.2.1 Benzani laba bantu lapha? (1)

1.2.2. Buyini ubulili balo muntu ofuna ' ukushayiswa' lapha? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.3. Ngubani lona onganikiwe igama? Kungani engenalo igama ngokwasesithombeni. (2)

1.2.4. Ukuhlala kwalo muntu ongenalo igama namadoda akuhambisani nenqubo kaZulu.Shono ukuthi kungani kungahambisani. (2)

1.2.5. Yini ekhombisa ukuthi laba bantu banobudlelwano obuhle? (1)

1.2.6. Yini ekhombisa ukungabandlululi ngokobulili kule khathuni? Sekela impendulo yakho. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A :30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esikhuluma ngezizathu zokuzibhala umzimba(tattooing) bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7.

**IMIYALELO**

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele.Amagama akho angeqi kwangama -60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Bhala **ngamagama akho.**
5. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UKUZIBHALA UMZIMBA (TATTOOING)**

Siyakhuphuka zonke izinsuku isibalo sabantu abazibhala imizimba. Lokhu kuzibhala kwenziwa umhlaba wonke ngabantu abancane nabadala. Bazibhala kunoma iyiphi indawo emzimbeni. Ziningi izizathu abazibekayo abantu zokwenza lokhu emizimbeni yabo.

Kukhona abazibhala imizimba ngoba befuna ukuthi baziwe ukuthi bangobani. Lokhu bakwenza ngokubhala amagama abo, izithombe zobuso babo, usuku lokuzalwa, inkanyezi yenyanga abazalwe ngayo nomlando wempilo yabo. Abanye bazibhala ngoba behlonipha abantu abangasekho ababalulekile ezimpilweni zabo. Babhala igama noma badwebe isithombe salowo muntu ukuze ahlale eyingxenye yempilo yabo.

Ukuzibhala umzimba kuyisitayela noma imfashini kwabanye. Baningi abakwenza ngoba benzela ukuthi bangadlulwa yilesi sitayela. Emva kwesikhathi abanye bayazisola ngoba basuke bebhale izinto ezingezinhle, ezinye zisuke seziphelelwe isitayela.

Izibazi (scars) emizimbeni yabantu zenza bangayithandi imizimba yabo ngoba lezo zibazi zibuyisa ubuhlungu okwabehlela. Babhala kulezo zibazi ukuze zivaleke zingabonakali. Lokhu kuletha ukuzethemba.

Osaziwayo banemithelela yokuthi abantu bazibhale imizimba. Abantu babukela kubo noma babhale labo saziwayo ababathanda kakhulu. Kuyingozi lokhu ngoba impilo yomuntu ishintsha njalo, kusasa lowo saziwayo angenza into engathandeki bese ubukeka kabi wena onesithombe noma onegama lakhe.

Ezinye izinkampani zibhala imizimba yabantu ukukhangisa amabhizinisi azo. Kufanele ucabange ngaphambi kokwenza lokhu noma ngabe uzokhokhelwa imali engakanani. Emajele iziboshwa zibhala imizimba ukukhombisa ukuthi zikuliphi iqembu. Kunezinombolo ezizibhalayo ezibanika amandla ukuze zesatshwe ngezinye iziboshwa.

Ukuzibhala kunemithelela emibi empilweni yomuntu, njengokuba nomdlavuza/ikhensa yesikhumba. Kulukhuni ukuwususa umdwebo obhaliwe emzimbeni. Kuyabiza ukuzibhala emzimbeni futhi akuhambisani nezinye izinkolo.

[Umbhalo wokuziqambela]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

3.Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

| |
|---|
| Nebala abafundi bathathe izincwadi zabo bafunda.UNonhlanhla abonakale eqhweba uNtombikhona bese ethi " Mina angikwazi ukufunda ngingaphumiseli"Amjeqeze umngane wakhe bese ekhuluma kakhulu ethi "Uyathanda ukubukwa wena, uzokubamba uMseleku." Zifundise ukuhlonipha ezinye izingane wena ngane kaShukela.Ngizokuceba kuyihlo ukuthi uyahlupha eklilasini awukwazi ukuvala umlomo wakho. Lihleke lonke iklilasi. |

3.1. Tomula ibizombaxa esiqeshini ulibhale phansi.Bese ulisebenzisa emshweni wakho. (1)
3.2. Bhala phansi izingcezu zenkulumo ezakhe ibizombaxa olibhale ngenhla. (2)
3.3. Bhala isinciphiso segama elidwetshelwe emshweni ongezansi;

Awukwazi ukuvala umlomo wakho. (1)

3.4.Caphuna umusho esiqeshini okhomba umuzwa wokuthukuthela. (2)
3.5. Khetha igama elisho ubumnini esiqeshini bese ulisebenzisa emshweni wakho Ongahambisani nesiqephu. (2)
3.6. Hlanganisa le misho emibili ibe umusho owodwa usebenzise isihlanganiso esifanele: Khetha kulezi: ngoba, ukuze, kodwa, ngakho-ke.
Umfana ugqoke ijezi kanye nebhantshi.Umfana akawezwa nhlobo amakhaza. (1)
3.7.Bheka igama eliyisabazwana sokubala esiqeshini bese uzakhela umusho wakho. (2)
**[10]**


4. Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

| |
|---|
| Unogwaja nebhubesi kwakwakhelene, ngakho- ke uma ibhubesi liya embizweni lalidlula ngakwanogwaja.Lwafika usuku olungaliyo, ibhubesi selimagange lasheshe lavuka lijahe ukuyobona izimanga zikanogwaja. |

4.1. Nikeza igama elinomqondo ofanayo naleli elithi,**embizweni.** (1)
4.2. Chaza lezi zimo zokukhuluma :
4.2.1 usuku olungaliyo (1)
4.2.2.ukuba magange (1)
4.3. Nikeza igama elisesiqeshini elisho ukuthi babehlala ngokusondelana. (1)
4.5.Shintsha lo musho ube sebuningini:
Ibhubesi selimagange lasheshe lavuka. (1)
**[5]**

## UMBUZO 5

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela:




[Sicashunwe ku-www.cartoons.com]

5.1. Yini eyenza uMbali agqoke kanjena namhlanje? (1)

5.2. Yisiphi isikhathi sosuku ngokwale khathuni? Usho ngani ukuthi ukuthi yileso sikhathi sosuku. (2)

5.3. Bhala igama elibhalwe ngokugqamile ngesiZulu sangempela:
Ayigqokwa **iyunifomu** namhlanje! (1)

5.4. Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Lafa elihle kakhulu.
Lesi simo sokukhuluma sisho ukuthi:

A. Izwe lihle kakhulu.
B. Izwe selishintshile.
C. Kuyafiwa kakhulu ezweni.
D. Izitayela zeyunifomu. (2)

5.5. Umama akahambisani nendlela agqoke ngayo uMbali.Sekela lesi sitatimende. (2)

5.6. Ngokucabanga kwakho yini eyenza abazali bakaMbali bangayithandi indlela agqoke ngayo. (2)

**[10]**

6.Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo:

| |
|---|
| Sabamba ongezansi emlindelweni.Thina phela sasilindele umfundisi ozoyibamba inkonzo kuse .Uyadlala wena, ababegcwele yiqembu likamufi **uMntungwa.**Abaningi babo amabhantshi ayetshekele nxanye bezihlinzekile abafo laba.**UNdabezitha**, umfundisi phela , wayewumhlobiso nje.Babesina bededelana ngomngane wabo owayengcolisa itafula. Babebhodla injiva benjalo nje. Abaculayo babempongoloza uzwe ukuthi ukuba nomunyu into engaziwa.Bancela izithupha ababelindele amatiye namakhekhe antofontofo. |

6.1. Tomula ibizonto kulesi siqephu bese ulisebenzisa emshweni ongahambelani nesiqephu esingenhla. (2)

6.2. Bheka igama elisabizwana sokukhomba eduze esiqeshini ulisebenzise emshweni wakho. (2)

6.3. Yinkonzo yani eyayibanjwe la? Caphuna umusho esiqeshini ofakazela impendulo Yakho. (2)

6.4. Bheka igama elisho indawo( undaweni) esiqeshini ulibhale phansi. (1)

6.5.Bheka isabizwana soqobo esiqeshini usibhale phansi. (1)

6.6.Yiliphi igama esiqeshini elisho ukucula okumemezayo futhi okungahlelekile. (1)

6.7.Zithini izibongo zezithakazelo ezibhalwe ngokunzima esiqeshini. (2)

6.8. Ake uyiphe isihloko le ndatshana engenhla. (1)

**[12]**

7.Bhala igama **elilodwa** elichazwa yilo musho.

7.1. Ingane eyodwa kwabo. (1)

7.2. Intombazana esiqala ukumila amabele. (1)

7.3. Indawo lapho kubaswa khona endlini yesintu. (1)

**[3]**

**ISAMBA SESISONKE: 80**